

# Ukufunda ngamaqembu okuholwayo

## Ngaphambi kokufunda

- Phenya amakhasi endaba abazoyifunda.
- Tshela abafundi ukuba baqagele ukuthi indaba izoqhubeka kanjani uma kususelwa esihlokweni nasemifanekisweni.
- Yethula amagama amasha noma alukhuni ngaphambi kokuba abafundi baqale ukufunda incwadi.
- Yenza amakhadi amagama ukwethula amagama amasha. (Thola uhlu lwamagama amasha ngaphakathi.)

## Ukufunda kokuqala

- Abafundi kumele bafunde umbhalo ngamunye.
- Abafundi kumele bafunde buthule noma "bawufunde ngokuhleba" umbhalo.
- Suka kumfundi uye kolandelayo, ucele umfundi ngamunye ukuba afunde isigaba sombhalo kuzwakale.

## Ingxoxo

- Funda imibuzo yokuqondisisa esuselwa embhalweni.
- Gxila emisindweni, emagameni ajwayelekile kanye nasemagameni amasha.
- Uyothola imisebenzi esekugcineni kwale ncwadi ilusizo ekuholeni ingxoxo. (Khetha imisebenzi efanele izinga labafundi.)

## Ukufunda kwesibili

- Ezinsukwini ezilandelayo,nikeza abafundi ithuba lokuyifunda futhi incwadi, ngababili noma ngamunye.
- Gxila ekufundeni ngokugeleza, ekusetshenzisweni kolimi nasemagameni amasha.
- Abafundi mabaqedele imisebenzi yeqembu eholwayo etholakala ngemuva kwale ncwadi. (Khetha imisebenzi efanele izinga labafundi.)



*Abafundi mabadlale balingise okwenzeka endabeni uma umbhalo uvumelana nalokho.*



*Abafundi kumele benze imisebenzi yokufunda ngamaqembu ngemva kokufunda. Abafundi mabasebenze ngamaqembu ukuqedela imisebenzi efanele etholakala ngemuva kule ncwadi. Imisebenzi ebhalwayo kumele yenzelwe ezincwadini zokubhalela, hhayi kule ncwadi.*

UJohn wamema umngani wakhe uRobert ukuthi azolala kubo. Abafana bobabili babezitika ngomdlalo weNintendo.

"Wumdlalo omuhle ngempela wekhompiyutha lona!" kusho uJohn. "Woza uzobona ukuthi izinunu zingihlasela kanjani!"

"Hhayi bo ndoda!" kubabaza uJohn. "Uwutholephi umdlalo owethusa kanje? Qaphela, lezi zinunu zizokubamba!"

"Nansi enye inunu iza! Ngibona sengathi izongibamba lena!" kumemeza uJohn. "Awuyibheke nje! Inekhanda, namazinyo kanye nomsila ofana

noweTyrannosaurus Rex. Inolaka!"



"Robert nino John", kumemeza umama kaJohn. "Bekani leyo Nintendo, ningene embhedeni nilale!"

"Yebo, kodwa bengingajabula ukuqedela lo mdlalo engikuwona manje," kuphendula uJohn.

"Cishani lowo mdlalo njengamanje!" kusho unina. "Nizoqhubeka nidlale kusasa."

"Kulungile, mama," kusho uJohn ecisha isibani kodwa eqhubeka nokudlala iNintendo emnyameni.

Wazumeka uRobert.

Ekugcineni noJohn wayeka ukudlala, walala wazumeka. Ukukhanya konyezi kwangena ngefasitela kwakhanya ikhabethe ngaphakathi ekamelweni.



Kusenjalo, wavuka uJohn.
Kunomsindo awuzwayo. Klwe! Gqim!
Klwe! Klwe!

UJohn wadonsa ingubo yokulala wavuka wahlala embhedeni wayidonsa yayofika esilevini. Amehlo akhe aqala ukuthungatha emnyameni ezama ukuthola ukuthi yini eyayibanga umsindo owethusa kangaka. Lo msindo wawuqhamuka ngasekhabetheni lakhe.

Ikhabethe lalicwebezela likhanyiswa wunyezi, kwaxukuzeka umnyango. Kwase kunyakaza isivalo sekhabethe.

Nsege! Nsege!

Kunento eyayishaya isivalo sekhabethe.

"Inunu!" kunyenyeza uJohn. "Ngubani lowo?" ebuza ngezwi eliqhaqhazelayo.



Isivalo sekhabethe saqala savuleka. UJohn wagxuma enokwesaba wabhaklaza isivalo sekhabethe. Inhliziyo yakhe isishaya ngamandla, wabeka isihlalo phambi kwesivalo.

"Ngethemba ukuthi sengingabuyela ezingutsheni ngiyolala," kucabanga uJohn.

Uthe nje engena ezingutsheni, wezwa umsindo wokushayeka kwesivalo futhi. Kulokhu umsindo wawusumkhulu kunakuqala.

"Hhayi bo!" ecabanga. "Ngizokwenzenjani-ke manje? Angifuni ukuvusa bonke abantu lapha endlini."

Egajwe wukwesaba, wavusa umngani wakhe uRobert.

"Robert! Kunento esekhabetheni lami! Yinunu ethize, kungaba yidayinaso," ehleba.

"Ngisola ukuthi yiphupho elibi nje. Ngicela ukulala, ngikhathele," kuphendula uRobert.

"Bekungelona iphupho. Ngize ngayokhiya isivalo. Umnyango wekhabethe ubuzivulekela nje!"

"Musa ukubheda wena, John. Uphupha ngalowa mdlalo obukade uwudlala."



"Masisivule sobabili lesi sivalo, uzobona!"



URobert waphefumulela phezulu, wayesethatha isikhwama sakhe. Waphuthaphuthaza kuso, wayesethola ithoshi. Wasuka waqonda ekhabetheni.

Dukuduku, sekuzwakala umsindo omkhulu othi gi. Bathi khimilili abafana ababili, babethuke kakhulu bengakwazi nokunyakaza. Kwakuzwakala umsindo oklwebhayo uvela ekhabetheni.

"Ukuzwile-ke lokho?" kubuza uJohn.

Wanqekuzisa ikhanda uRobert. Wayesezwa naye inhliziyo yakhe seyishaya ngamandla.



UJohn noRobert bahamba ngamanzonzwane basondela ekhabetheni. UJohn wavula isivalo kancane, kwathi uRobert wakhanyisa phakathi ebhekise ithoshi emfantwini. Kukhona into eyayidudula isivalo isivula.

Kusenjalo ithoshi lakhanyisa, kwabonakala amehlo amabili aphuzi. Bagxuma abafana bahlehla bethukile.

"Yini lena?" kunyenyeza uRobert ebuza, ngaleso sikhathi wayedudula isivalo esivala.

Wakhula umsindo oklwebhayo noshaya isivalo. URobert waphefumula kakhulu, wayesedonsa isivalo wasivula futhi. Kwaphuma isilwanyana esithile sadlula kubo ngejubane.

"Yini lena?" kumemeza uJohn ebuza.

"Yikati!" kuphendula uRobert eqhuma ngohleko.

# Amadayinaso ezimanga


**AMADAYINASO** ayephila kulo mhlaba ezigidini zeminyaka eyadlula. Ashabalala, okusho ukuthi aphela okokuphela. Akekho umuntu oseke wabona idinoso, kodwa siyazi ukuthi aba khona ngoba ososayensi bawambile amathambo awo bathola namazinyo awo. Olwazini lwalabo sosayensi yilapho sithola khona ukuthi ayenjani ephila kanjani futhi.

## AMA-IGUANODON

(Noma singathi nje ama-igwanodoni)

Wona-ke ayedla izitshalo ezinameva. Lolu hlobo lwaba ngolwesibili ezinhlotsheni esezitholakele zamadayinaso.








## ITYRANNOSAURUS REX

Ityrannosaurus rex kwakuyidinoso enkulu edla inyama. Yayidla namanye amadayinaso afana neTriceratop. Yona yayingaba ngamamitha ayi-6 ukuphakama. Yayihamba ngemilenze yangemuva emide. Yayinezingalo ezimfushane kakhulu ezineminwe enamazipho. Imihlathi namazinyo ayo kwakunamandla kakhulu – kulungele ukudla ezinye izilwane.

## AMATRICERATOPS

Lolu hlobo lwalunezimpondo ezintathu nekhanda elinencegela. AmaTriceratops aba naleli gama elisho ukuthi "ubuso obunezimpondo ezintathu". AmaTriceratops ayechamusela amaqanda. Ayeba yimihlambi avikele abantwana bawo. Ayenemilomo engenamazinyo. Ayedla izitshalo.








## IBRONTOSAURUS

Yayaziwa ngokuthi yi-Apatosaurus, lesi kwakuyisilwane esikhulu kunazo zonke ezake zaphila emhlabeni. Yayinogebhezi olude kanye nobuchopho obuncane. Yayidla izitshalo kanti yayinomqala omude. Yayinezimbobo zekhala eziphezu kwekhanda.

## ISTEGOSAURUS

Le dinoso yayinezixebeledu ezimi zalandelana zakha imigqa eqolo, bese iba nezinzenga phezu komsila. Yayinkulu futhi inekhanda elincane elinobuchopho obuncane. Yayinonoqhwaku eyayidla ngawo izitshalo.



# Imisebenzi yokufunda ngamaqembu



1

Buka izithombe.

Tshela umngani wakho ukuthi:

- kwenzekani esithombeni ngasinye.
- yisiphi isithombe okumele kube ngesokuqala, sesibili, sesithathu kanye nesesine.
- yisiphi isihlokwana esihambisana nasiphi isithombe.



Yekela ukudlala manje.



Letha isihlalo lapha.



Bakithi! Inunu enje!



Owani lowo msindo?



2

Xoxa nomngani wakho ngalokhu okulandelayo:

a) Kungani ehleka uRobert ekugcineni kwendaba?

b) Kungani usola ukuthi uJohn wayecabanga ukuthi kunenunu ekhabetheni?

c) Ucabanga ukuthi ukudlala umdlalo iNintendo yikho okwenze abafana bethuke?



3

d) Wake waba nalo iphupho elibi? Uma kunjalo, ucabanga ukuthi kwabangelwa yini ukuthi likufikele?

e) Ngabe le ndaba iphele ngendlela okade uyilindele? Yenza olunye uhlobo lwesiphetho sale ndaba.

f) Kopisha imisho emithathu engasekugcineni kwendaba, eveza ukuthi abafana babethukile.

g) Ucabanga ukuthi inunu ebisatshwa nguJohn yayinjani? Yidwebe bese uchazela umngani wakho ngayo.



4

Mangaki amagama achaza umsindo ongawathola endabeni?
Wabhale encwadini yakho yokubhalela.



5

Sebenzisa umsindo mgw, sh, kh, dw, chw, mth, nw, nz noma mf ukuqedela la magama ukuze ahambisane nezithombe.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| u___aqo | u___akathi | ukuhla___a | u___ana | i___ane |
|  |  |  |  |  |
|  |  |  |  |  |
| u___ula | uku___ala | ukuze___aya | ___eba | iwa___i |



6 Yenza sengathi unguJohn. Bhala encwadini yakho yokubhalela uchaze ukuthi kwenzekani ngalobuya busuku. Qiniseka ukuthi uba nesiqalo, umzimba kanye nesiphetho.

Dayari ethandekayo

Izolo kusihlwa uRobert nami...





7 Kopisha leli thebhula elilandelayo encwadini yakho yokubhalela. Emva kwalokho bhala amagama alandelayo ngaphansi kwemisindo efanele.



| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| umphako | indlu | umthetho | umnyango | indlwana |
| indlala | umphetho | umnyuzi | umthothongo | enkondlweni |
| emnyama | endlondlweni | umthamo | indlela | umthungo |

| ndl | mph | mny | mth | ndlw |
|---|---|---|---|---|
| | | | | |
| | | | | |
| | | | | |



8 Buka izincazelo zamadayinaso ekhasini 20 no-21 bese utshela umngani ukuthi iyiphi idinoso edla inyama. Iyiphi idinoso, ngokubona kwakho, ebukeka iyingozi? Chaza ukuthi kungani ucabanga kanjalo.



# Izinga lesi-3 Incwadi yoku-1

| | |
|---|---|
| Isihloko: | Kunenunu ekhabetheni lami |
| Ulimi: | IsiZulu |
| Izinga: | Ibanga lesi-3 Incwadi Yokufunda Ulimi Lwasekhaya Izinga lesi-3 Incwadi yoku-1 |
| Uhlobo lombhalo: | Indaba |
| Amagama ajwayelekile: | inunu, kubabaza, wakhe, kanjani, bamba, umsila, umbhede, shaya |
| Ulwazimagama: | ekugcineni, ukunyenyeza, klwe-klwe, thungatha ukwemboza, unyezi, nswi!, inhliziyo, ezingutsheni, mkhudlwana, nqekuzisa |
| Imisindo: | ndl, nsw, mdl, mng, ms, mbh, mny, klw, dlw |
| Okuqukethwe, imiqondo namakhono: | ▪ Uxoxa ngezithombe.<br>▪ Unikeza incazelo yamagama.<br>▪ Uqondanisa izihloko nezithombe.<br>▪ Ufunda aphendule imibuzo yokuqondisisa.<br>▪ Uxoxa ngezinto ahlangabezane nazo.<br>▪ Uyasho ukuthi uyithandile yini indaba.<br>▪ Ulandelanisa izehlakalo.<br>▪ Wakha isiphetho esisha sendaba.<br>▪ Usebenzisa imisindo nsw, mng, mbh, mny, ukuqedela amagama.<br>▪ Ubhala kudayari. |

ICAPS ifuna ukuba othisha babeke eceleni isikhathi nsuku zonke sokubhekana nokufunda kweqembu okuholwayo. Ukufunda kweqembu okuholwayo kudinga abafundi asebesezingeni elifanayo lokwazi ukufunda umbhalo ofanayo emaqenjini, beholwa nguthisha.

Ekufundeni ngamaqembu okuholwayo, othisha bahola abafundi abasezingeni elifanayo lokufunda ekufundeni incwadi efanayo beseqenjini.

Isikhathi sokufunda kumele simbandakanye izinhlobo zamasu ehlukahlukene zokufunda nokuqondisisa okudingwa abafundi uma befunda.

Isu lokufunda ngempumelelo lidinga futhi ukuxoxisana ngombhalo phakathi kukathisha nabafundi, naphakathi kwabafundi emaqenjini.

Lezi zincwadi zinemisebenzi yokuqondisisa kanye neminyaka ehambelana nokufunda ngokuqondisisa ukusiza othisha ukuze bakwazi ukuhola ukufunda ngamaqembu emakilasini.

ISBN 978-1-4315-2534-8

Rainbow WORKBOOKS

ISBN 978-1-4315-2534-8

**THIS BOOK MAY NOT BE SOLD.**

basic education

Department:
Basic Education
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

Published by the Department of Basic Education
222 Struben Street, Pretoria
South Africa

© Department of Basic Education
First edition 2016

The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked, the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.

## Ezinye izincwadi eShalofini Lezincwadi zeBanga lesi-3 zoLimi Lwasekhaya.

Izinga loku-1

- Unogwaja uqinela impungushe
- Isigameko sasolwandle
- Kumnandi ekhishini
- Idayari yabantwana abakhonondayo

Izinga lesi-2

- Zeqa-ke izilwane
- UThandi unosuku olubi
- Impelasonto ekhumbulekayo

Izinga lesi-3

- Kunenunu ekhabetheni lami
- Kulahleke amakhekhe asankomishi
- Kuyamangaza yize kuyiqiniso